

AKE SIXOXE NGE-CORONAVIRUS/COVID-19

Igciwane elisha ligulisa abantu abaningi. Izingane nabantu abadala kufanele bashintshe izindlela zabo ukuze balwe nokusakazeka kwegciwane. Lokhu kukuthinta kanjani ukuphila kwezingane kwansuku zonke nesimo sempilo?

Inhloso

Kulezi zifundo, izitshudeni zicabanga ngendlela ezingazivikela ngayo zona nabanye ku-coronavirus/Covid-19. Zihlola futhi zicabange nangokuthi zingenzani uma zihlala endaweni eminyene futhi/noma zingenawo amanzi agelezayo noma ngisho nensipho.

Isikhathi esilinganiselwayo

Izifundo ezingu-1-2.

Ukulungiselela

Dawuniloda iphepha lolwazi lezingane mayelana ne-corona/Covid-19, noma usebenzise ulwazi olufanayo ku-inthanethi.

Izinto ongazisebenzisa

Iphepha lolwazi

Izindaba ku-Globe, noma ku-inthanethi

Imibuzo ye-Corona/Covid-19

ISIFUNDO: AKE SIXOXE NGE-CORONAVIRUS/COVID-19

Tshela abafundi baxoxe ngokuvumelana ngemodeli yezingcezu zengxoxo nemibuzo oyinikezile, owodwa ngesikhathi. Ama-Talking Chip asiza ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu uba neqhaza elilinganayo, kanjalo abafundi baqeqeshelwa ukusebenza ngendlela enokubambisana.




1. Qalani ngokufunda ndawonye ulwazi lwe-coronavirus/Covid-19. Liphathelene nezindlela ezihlukene zokuzivikela wena nabanye, kodwa futhi nokusakaza amahlebezi, impilo yengqondo, nokuthi izingane zinamalungelo nasezimweni eziyinhlekelele.
2. Hlukanisa ikilasi libe amaqembu amane. Hlalisa iqembu ngalinye ukuze bonke bakwazi ukubonana. Ingxoxo iqhubeka eqenjini ngalinye ngale ndlela:
3. Umfundi ngamunye unikwa ikhadi/i-chip enombala.
4. Nika amaqembu umbuzo/isihloko esisodwa okufanele axoxe ngaso.
5. Chaza ukuthi uma umfundi efuna ukusho okuthile, kufanele abeke ikhadi/i-chip lakhe phakathi nendawo.

6. Umfundi angakhuluma isikhathi esifushane noma eside, avumelane nesikhulumi esidlule noma anezele okuthile okusha. Akekho omunye okufanele akhulume noma aphazamise ngesikhathi kukhuluma umfundi obeke ikhadi lakhe.
7. Uma bonke abafundi eqenjini sebebeke ikhadi lakho, sebengabeka ikhadi labo lesibili.
8. Qhubeka kuze kube yilapho wonke umuntu esesebenzise wonke amakhadi akhe.

Izibonelo – imibuzo

- Yini into esemqoka kakhulu ukuze umuntu angangenwa yigciwane noma athelele abanye?
- Kungani kubaluleke kakhulu ukuvikela asebekhulile nabantu asebenzifo eziyingozi kakhulu?
- Qhathanisa nokuphila ngaphambi kwe-coronavirus: Uyini umehluko endleleni esisebenzelana ngayo?
- Imithetho yalapho uhlala khona ikuthinta kanjani? Ingabe kudingeke ukuthi uyeke ukwenza okuthile okuthanda ngempela?



- Izingane eziningi zihlala ezindaweni eziminyene, kokunye nezihlobo ezindala. Yini okufanele umuntu ayenze ukuze avikele abantu abadala noma labo abanezinye izifo eziyingozi?
- Abazali abaningi bakhathazekile nge-coronavirus/Covid-19. Abanye bangase bangakwazi ukuya emsebenzini. Ingcindezi nokukhathazeka kwabantu abadala kungazithinta kanjani izingane zabo?
- Kunamahlebezi amaningi aphaathelene ne-coronavirus ne-Covid-19. Kukhona okuzwile okukukhathazayo?
- Izindaba, ku-TV nasemsakazweni, zikhuluma nge-corona nje kuphela manje. Lokhu kukuthinta kanjani wena nendlela ozizwa ngayo?

